**Umthelela Wentela Ngokukhipha Imali ohlelweni lwe-*Two-Pot Retirement System***

**Tshwane, 23 kuNcwaba 2024 –** Abantu abahlose ukukhipha imali embizeni yabo yokonga ku-*Two-Pot Retirement System* (uHlelo loMhlalaphansi lwezimbiza ezimbili) kusukela mhla lu-1 kuMandulo 2024 kumele babhalisele intela. Labo abangabhalisile kumele babhalise ngaphambi ngokufaka isicelo ezikhwameni zabo abazisebenzisayo. Uma umuntu engayibhaliselile intela, isicelo somyalelo wentela esithunyelwa sisuka esikhwameni siza kwa-SARS sizochithwa.

Iminikelo yezikhwama zomhlalaphansi ayitheliswa. Ngakho-ke, intela izobanjwa kunoma yiliphi inani elikhishwayo. Intela izobalwa ngokwezingantela elisebenzayo kumuntu.

Abakhokhintela kumele baqinisekise ukuthi awekho amafomu emininingwane yentela asilele nokuthi abamukweleti uSARS. Isikweletu esikweletwa uSARS sizobanjwa kulelo nani elikhishwayo.
Abakhokhintela akudingeki ukuba baye ehhovisi lakwaSARS, njengoba kukhona izindlela eziningi abangazisebenzisa zedijithali zakwaSARS kanjalo nakumaselula.

Amalungu esikhwama sempesheni angabhalisela intela esebenzisa imigudu ye-eFiling ku- [www.sarsefiling.co.za](http://www.sarsefiling.co.za) noma ku-SARS MobiApp. Bangaphinde basebenzise uhlelo lwe-*SARS Online Query System* (i-SOQS) kusizindalwazi sakwaSARS ([www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)) ukubhalisela iNtela YeNgeniso Lomuntu. Ums sebebhalisile vele, bangasebenzisa i-SOQS ukubheka inombolonkomba yabo yentela. Isicelo somyalelo wentela esenziwa umlawuli wesikhwama singenziwa kuphela lapho ilungu selithathe isinqumo sokugcina sokukhipha imali.

Emva kokuthi umkhokhintela obhalisiwe esesifakile isicelo, isikhwama sempesheni sizobe sesifaka isicelo kwaSARS sokuba kuphume umyalelo wentela. Ukuba yimpumelelo kwalo myalelo yikho okutshela isikhwama ukuthi yimalini okumele siyibambe kuleyo mali ekhishwayo. Uma umkhokhintela ethobela ngokuphelele, kuzothatha amahora afinyelela kwangama-48 ukuba uSARS akhiphe umyalelo wentela ewuyisa esikhwameni sempesheni oqukethe ulwazi mayelana nezikweletusibopho zentela zalelo lungu lesikhwama (okungukuthi yimalini okumele ibanjwe kuleyo mali ekhishwayo).

Ngaphambi kokuthi inani lokugcina likhokhwe kumfakisicelo, isikhwama sempesheni sizokwaziswa ukuba sibambe nasiphi isikweletu esikweletwa kwaSARS ngaphambi kokuthi senze inkokhelo kulelo lungu. Uma umuntu enezinhlelo ezithile mayelana nesikweletu noSARS, imali ekhishwayo angeke ithinteke. Uma kunesikweletu esikweletwa kwaSARS, sizobanjwa ngokwesivumelwano.

Abalawuli Bezikhwama bayakhuthazwa ukuba bahlole kuqala noSARS, ukuze inqubo ingabi nazihibe uma yonke into isiqalile. Ithuba lisekhona kuze kube umhla zingama-30 kuNcwaba 2024.

Indlelakubala intela iyatholakala ku-eFiling nakusizindalwazi sakwaSARS ([www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)) ukulekelela amalungu esikhwama sempesheni akwazi ukubona amanani abangase bawalindele emali engeza kubo. Lonke ulwazi olufanele

noluqondile kumele luhlinzekwe ukuze uzothola isilinganiso esicacile semali ozoyithola.

Umthelela wentela kumalungu esikhwama sempesheni ahola ngaphansi komkhawulo wentela bese bekhipha imali embizeni yokonga yona izophothulwa ngesikhathi sonyaka Sokubuyisa Amafomu Entela lapho ingeniso elitheliswayo izotholakala khona, etheliswa ngo-18%.

Ilungu elikhipha imali ku-two-pot kuzoba umuntu osebenzayo ngalokho-ke, uzobe enengeniso lokusebenza, okungenzeka noma kungenzeki ukuthi ingaphezulu komkhawulo wentela, kuye ngokuthi umphumela wokukhipha imali - isamba sizofakwa kungeniso lokusebenza.

Umgomo olandelwayo ngenani lentela ekhokhwayo ukuthi wonke amanani atholiwe noma akhishwe esikhwameni yiwo azokhipha isilinganiso sentela sokugcina. Nakuphi ukubanjelwa okungaphansi noma okungaphezulu kwentela emalini ekhishwa ku-two-pot kuzokhokhwa kulowo mkhokhintela noma uSARS uma kuhloliwe ngesikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Entela.

Uma ilungu likhetha ukungayikhiphi imali embizeni yokonga ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi, izimali ezisele zizotheliswa njengomhlomulo oyisamba mhla uthatha umhlalaphansi. Lawa mazinga entela avamise ukuba ngaphansi kwamazinga entela ajwayelekile asebenza uma kukhishwa imali ngaphambi kwesikhathi sokuthatha umhlalaphansi.

Amalungu esikhwama somhlalaphansi ayakhuthazwa ukuba angayi emagatsheni kaSARS. USARS unemigudu okulula ukuyisebenzisa ezolekelela amalungu esikhwama sempesheni, kanjalo nale migudu elandelayo yocingo:

- WhatsApp: gcina inombolo ka-WhatsApp kaSARS ethi, 0800 11 7277, ohlwini lwabantu oxhumana nabo. Ukuqala umbuzo wakho, bhala igama elithi “Hi” noma “Hello”.
- Inombolo ye-SMS 47277 noma ikhodi ye-USSD *134*7277#

Ngeminye imibuzo, sicela uxhumane ne- SARSMedia@sars.gov.za